

3

UKUFUNDA KUNKULUNKULU

Ivesi lenkumbulo: AmaHubo 119:11

Igama: _____

Uma bekungenzeka uthole ukuthi amapulani kaNkulunkulu maqondana nomhlaba nempilo yakho, wena uqobo, alotshiwe encwadini, leyoncwadi ingaba yigugu elingakanani kuwe na? Uma izithembiso zikaNkulunkulu nalokho akubhekile kuwe kubhalwe encwadini, futhi leyoncwadi unayo, ungachitha isikathi esingakanani ekuyifundeni na? Kulemizuzu eyingco-sana elandelayo kungenzeka uzitholele okumangalisayo ngempela!

1. Kuthiwani ngeZwi likaNkulunkulu ngokukaJohane 17:17

2. Yini okwenziwa yiZwi likaNkulunkulu ngokusho kwalemibhalo:
a. 11 kuThimothewu 3:15 _____
b. NgokukaJohane 15:3 _____
c. 11 kuTimothewu 3:16 _____

3. Iyini inhloso kaNkulunkulu na? (11 kuThimothewu 3:17)

4. Njengalokhu ubusafunda iVangeli ngokukaJohane, uziqaphele yini izimfundiso ngokbaluleka kweZwi?
a. Yini eyenziwa uKristu ngeZwi likaYise? (NgokukaJohane 8:55)

- b. Linayo yini indawo iZwi likaNkulunkulu ezimpilweni zabanye abantu?

(NgokukaJohane 8:37) _____

- c. Uma singabakaNkulunkulu sizokwenzani ngeZwi lakhe?

(NgokukaJohane 8:47) _____

- d. Umfundu weqiniso kaKristu uzokwenzani ngeZwi lakhe?

(NgokukaJohane 8:31) _____

- e. Senzani ngeZwi ukuze silonde impilo yakomoya noma uku-phila okuphakade?

(NgokukaJohane 8:51) _____

5. Uma ngimthanda uJesu ngizokwenzani? (NgokukaJohane 14:23)
-

6. Izwi elibhaliwe lingikhomba kumuphi umuntu

(a) _____, ukuze ngibe nasiphi
isipho

(b) _____?

(NgokukaJohane 20:31)

7. USathane angazama ukusahlula empilweni yethu yobuKristu, kodwa uNkulunkulu usinike isikhali
esingamnqoba ngaso uSathane. Siyinkemba kaMoya eyi
-

(Kwabase-Efesu 6:17)

8. UJesu wanxosha kanjani uSathane kuMathewu 4:4,7 na 10?
-

9. Ngingenzani ngeZwi likaNkulunkula ukuze lingilonde ukuba ngingoni, ngokusho kwamaHubo 119:11
Enhliziyweni yami ngiyalonda izwi lakho, ukuze ngingoni kuwe"?
-

Liyini iqiniso elivela kuNkulunkulu elisanda ukukusiza ka-khulu?

Kusweleke ngani ukuba umKristu afunde iBhayibheli imi-hla yonke na?

Ngaphezu kokufunda lesisifundo usenalo elinye ithuba eliman- galisayo njengomKristu. Lelithuba lambuliwe esifundweni esilan- delayo.

.....

"Enhliziyweni yami ngiyalonda izwi lakho, ukuze ngingoni kuwe." AmaHubo 119:11